PanSALB
PAN SOUTH AFRICAN LANGUAGE BOARD

ISIMEMO SOKUPHAKANYISWA KWAMAGAMA ABANTU ABAZOBA NGAMALUNGU KUMIKHANDLU YEZILIMI KAZWELONKE (NLBs)

IBhodi Lezilimi ENingizimu Ne-Afrika (i-PanSALB) imema umphakathi nezikhungo ezinentshisekelo kwezezilimi ukuba ziphakamise abantu okuzokhethwa kubona amalungu eMikhandlu kaZwelonke Yezilimi (ama-NLBs) kuzona zonke izilimi ezisemthethweni eziyishumi nanye (Sepedi/Sesotho sa Leboa, Sesotho, Setswana, Siswati, Tshivenda, Xitsonga, Afrikaans, English, isiNdebele, isiXhosa, isiZulu), Khoi, Nama ne-San languages kanye ne-Sign Language (SASL).

Le Mikhandlu kaZwelonke Yezilimi (NLB's) ngayinye isebenza ngaphansi kwesigaba 8(8)(b) soMthetho weBhodi Lezilimi ENingizimu Ne-Afrika (uMthetho wama-59 wonyaka we-995), njengoba uchitshiyelwe, nangaphansi kwemigomo nemithetho elawula iMikhandlu kaZwelonke Yezilimi yePanSALB (iSaziso seBhodi 94 sika 2005).

Amalungu azosebenza ngezikhathi ezithile (part-time) isikhathi esiyiminyaka emihlanu kusukela osukwini aqokwe ngalo. Akukho holo elihambisana nalo msebenzi njengoba uthathwa njengomsebenzi wokusebenzela umphakathi. IPanSALB ikhokhela kuphela izindleko emayelana nokuhamba ngokomsebenzi wamalungu aqokelwe ukuwusebenza kumaNLB ehlukahlukene.

Labo abazoqokwa kumele bahlangabezane nalezi zidingo ezilandelayo:

- Kumele kube ngabantu abaluncela ebeleni lolo limi noma abalusebenzisayo lolo limi oluthintekayo;
- Babe nothando nokuzinikela, kanye nentshisekelo ekuthuthukisweni nasekusetshenzisweni kwalolo limi oluthintekayo;
- Babe nolwazi lobungoti noma olubanzi ngalolo limi oluthintekayo futhi babe ngongoti kule mikhakha elandelayo: Ekuhlelweni kwamatemu; ekwakheni amatemu, kanjalo nasekwakhiweni kwezichazamazwi, kwezokubhalwa kwezincwadi; nokucoshela Izindaba, kwezokuhumusha nokutolika, kanjalo nasekufundiseni lololimi.

Iziphakamiso kumele sibhalwe phansi futhi zibe nale minininingwane elandelayo:

- Isihloko, amagama aphelele, ikheli (lendawo neleposi) nemininingwane yokuxhumana yomuntu ovumayo ukuphakanyiswa , nalowo owenza isiphakamiso, namakhasi amabili emininingwane e-CV yalowo ophakanyiswayo. I-CV kumele ibhalwe amagama aphelele omuntu ophakanyiswayo, inombolo kamazisi nobulili, yikheli lokuxhumana, yigama lesifundazwe, yizinombolo zocingo, yifeksi ne-imeyili (uma enayo), yincazelo ngesipiliyoni, wulwazi namakhono akhe.
- Amakhophi agxiviziwe kamazisi, awezemfundo nawamanye amagalelo angokomsebenzi alowo ophakanyisiwe.
- Noma yiluphi olunye ulwazi olwesekayo, okubandakanya amagama nemininingwane yokuxhumana yofakazi okungenani ababili (2).
- Amafomu agcwaliswe asayinwa ngokuyikho alowo ophakamisayo, omesekayo nalowo ophakanyisiwe.

Ziyoshaywa indiva zonke iziphakamiso ezingenayo le minininingwane ebaluliwe ngasenhla.

Ngolunye ulwazi nangohlelo olulandelwayo nezidingo, sicela uvakashele iwebhusayithi yePanSALB ethi: www.pansalb.org noma uthintane no:

Nks S.A. Netshiheni
Ucingo: (012) 341 9638
Ifeksi: 012) 341 5938
I-imeyili: angie@pansalb.org

Iziphakamiso kumele zithunyelwe ku:
Chief Executive Officer
Zibhekiswe ku: The NLBs Unit Manager
Pan South African Language Board

Ngeposi ku:
Private Bag X08
Arcadia
0007

Ngesandla ku:
5th Floor, Provisus Building
523 Stanza Bopape Street
Arcadia
0083

Usuku lokuvalwa kweziphakamiso: 31 kuNcwaba 2017

Uyaziswa ukuthi angeke zemukelwe iziphakamiso ezithunyelwe ngefeksi noma nge-imeyili.